



Co-Funded by
the European Union



Commonwealth
Foundation

Supported by the Commonwealth Foundation

FishersNet



Published by:

Coastal Links and Masifundise Development Trust

1 Station Road, Mowbray, Cape Town 7700 | Tel: 021 685 4549 • Fax: 021 685 3816

Email: info@masifundise.org.za • Website: masifundise.org/ • Facebook: <https://www.facebook.com/Masifundise>

Twitter: <https://twitter.com/MasifundiseDT> • Instagram: <https://www.instagram.com/masifundisedt/?hl=en>

VOL. 41 - Jun 2022

Amazwi Omhleli

SIYAKWAMUKELA KUHLELO lukaJuni 2022 lwe-FishersNet, iphephandaba langaphakathi leMasifundise Development Trust neCoastal Links South Africa.

Lolu hlelo luhlola izinkinga zeNqubo Yokwabiwa Kwamalungelo Okudoba (i-FRAP) kanye nokuthi inamthelela muni emiphakathini edobayo kanye nemifelandawonye yayo. Njengoba kuncipha izabelo futhi kuncipha izinhlobo zezinhlanzi, imiphakathi edobayo izithola isesimweni sokwanda kobungozi njengoba obhasikidi bayo bencipha unyaka nonyaka.

Okunye, kulolu hlelo sibheka isimemezelo sokufakwa kugazethi kweNqubomgomo Kazwelonke Yezokudoba Izinhlanzi Zasendle Ezisemanzini Asemifuleni (Ngaphakathi Ezweni) wuMnyango Wezamahlathi, Ezokudoba kanye nezeMvelo (i-DFFE). Ukufakwa kugazethi kwale nqubomgomo kusisondeza ekuqalisweni kwayo. Sisanehemba lokuthi inqubo yokuqaliswa kwayo izolandela indlela enenzuzo nenokuhlanganyela ebhekela izidingo nesithunzi sabadobi abadoba ngaphakathi ezweni. Okwamanje, imiphakathi edobayo yangaphakathi ezweni yaseJozini naseGariiep iqhubekile nokusebenzisa amalungelo ayo ngokubhikisha kanye nokubamba imihlangano enhlobonhlobo.

Kwezinye izindaba iMasifundise ichithe isikhathi esiningi ihambele imiphakathi kaningana ukuyohlola izimo ogwini kanye nasemiphakathini edobayo engaphakathi ezweni kusukela ekuqaleni konyaka. KwaZulu-Natali sikwaze ukubamba inqwaba yemihlangano futhi sabonana namalungu eThimba Elibhekele Umsebenzi akhethiwe. Siphinde sakwazi ukuthatha izinyathelo maqondana nokukhiqizwa kwesibili kwedokhumentari yezokudoba ngaphakathi ezweni ezogxila kubahwebi bezinhlanzi abangabantu besimame kanye nokulahlekelwa yizindlela zabo zokuphila.

Ezindabeni ezimnandi, imiphakathi edobela ukuziphilisa iqhubekile nokunqoba embangisanweni wayo nenye yezinkampani zikawoyela negesi, i-Searcher Seismic. Ekunqobeni okukhulu kwemiphakathi yabadobi abadobela ukuziphilisa, iNkantolo Ephakeme yaseNtshonalanga Kapa ithathe isinqumo esiphikisana nokuqhumisa Ogwini Olusentshonalanga. Sengathi umoya wokulwa nowokubekezela kwemiphakathi edobela ukuziphilisa ungaqhubeka nokukhuthaza ukunqoba okukhulu.

Abadobi abadobela ukuziphilisa babekwe eceleni ngaphansi kwe-FRAP



NQUBO YOKWABIWA Kwamalungelo Okudoba (I-Fishing Rights Allocation Process) (i-FRAP) iyaqhubeka nokudala ukudonsisana emkhakheni wezokudoba. Le nqubo yakhelwa ukulawula ubungako besabelo sokudotshwayo nokuqinisekisa ukuthi abantu ababecwaswa ngokwasemlandweni futhi ababengamelekile ngokufanele, imiphakathi, kanye nezinkampani bangabandakanywa embonini yezokudoba. Nokho, ukuqalisa i-FRAP kanye nokushoda kwamakhono kubasebenzi boMnyango kahulumeni Wezamahlathi, Ezokudoba Nezemvelo (i-DFFE) kushiye le nqubo isemisweni esixakile.

Kule nqubo, umkhakha wezababhizinisi ubekwa eqhulwini bese kuthi okusele kube ngokwemboni yabadobi abadobela ukuziphilisa okungenele ukugcwalisa ubhasikidi wabadobi abadobela ukuziphilisa abasogwini. Isibonelo, zingaphezu kwama-70% izinhlanzi ezidotshwa ngentambo ngendlela yasendulo esabelwe amabhizinisi, nangaphambi kokuqedwa kokuqaliswa kweNqubomgomo ye-SSF.

Ngomhla ka-25 Mashi i-DFFE yakuvulwa kabusha ukudluliswa kwezinqumo nge-FRAP. Ikomidi labesimame laseHondeklipbaai (eNyakatho Kapa) ebelingasizwa njengabadobi abadobela ukuziphilisa abasemthethweni esicelweni

sabo ngaphansi kweNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa lathatha isinqumo sokufaka isicelo samalungelo okudoba amabhizinisi ngaphansi kwe-FRAP. Lokhu kusebenza ngokufakwa kwesicelo sohlobo lokudotshwayo ngakunye, kube isicelo ngasinye siyakhokhelwa. Leli qembu labesimame lalizimisele ukuchitha u-R14000 okwakuzodingeka ukuba liwukhokhele ukufaka isicelo sokudoba izilwane ezithintekayo. Laba bantu besimame baya ePort Nolloth ukuyofaka isicelo ngezandla, kodwa batshelwa ukuthi babuye ngakusasa. Besagcwalisa isicelo ngakusasa, batshelwa ukuthi uMnyango wawubuyela eKapa futhi basebephuthwe wusuku olungumnqamula-juqu. Babe sebezama ukufaka isicelo ngohlelo lwe-inthanethi, kodwa ngenxa yokungabibikho kwe-inthanethi kanye nokungadonsi kahle kwayo eHondeklipbaai, abakwazanga ukufaka isicelo. Le nqubo ayilunganga ngoba ayiyibandakanyi imiphakathi ekhishelwe ngaphandle.

Ukungagcwali kukabhasikidi wabadobi abadobela ukuziphilisa kuyazwela emiphakathini edobela ukuziphilisa yaKwaZulu-Natali, eNyakatho Kapa, eNtshonalanga Kapa kanye naseMpumalanga Kapa.

“Ubhasikidi esinawo okhishwe yi-DFFE

Kuyaqhutshekwa ekhasini 3



Ngenhla: Umdobi wase-Paternoster ubonisa ama-lobster.

Isikhuphashi Sasemadwaleni Sasogwini Olusentshonalanga Esibalulekile Sisesimweni Esinobungozi

SIKHUPHASHI SASEMADWALENI

Sasogwini Olusentshonalanga (i-WCRL) siwuhlobo lokudotshwayo olubalulekile kubadobi abadobela ukuziphilisa eNtshonalanga Kapa naseNyakatho Kapa, futhi yinsiza ebaluleke kakhulu emalini engena ngonyaka kule miphakathi. Ngowezi-2021, emuva kokunqunywa okukhulu Kwalo Okuvumelekile Okungadotshwa (i-TAC), i-Consultative Advisory Forum (i-CAT) eyasungulwa ukuze kubuyezwe inqubo ye-TAC yowezi-2021/22 kanye nesabelo.

Uhlobo lwe-WCRL lwehle kakhulu kakhulu eNingizimu Afrika, ngenxa yokudoba ngokweqile kwaphambilini, uguquguquko lwesimo sezulu kanye nezinye izimo. Ngokwe-DFFE, ukuhlola okubuyezwe ngowezi-2021 kuveza ukuthi isibalo se-WCRL sesehle ngaphezu kobekulindlekile eminyakeni

emibili edlule, kunokuba kube ngama-90% ngokwezininga lawo langowezi-2006 ngokwezilinganiselo zowezi-2019, insiza manje seyilinganiselwa kuma-70%. Lokhu dale ukunqunywa okukhulu kwe-TAC ye-WCRL ngesikhathi sokudoba sonyaka wezi-2021/22 kumathani angama-600, okungukunqunywa okungama-28.3% esikhathi sokudoba esedlule.

Lokhu kukhathazeka okusabalele ngesabelo se-WCRL emikhakheni yezokudoba yabadobi abadobela ukuziphilisa kanye namabhizinisi, okudale ukuba uNgqongqoshe Barbara Creedy uqoke i-CAF ukuze ayibuyezwe.

UNgqongqoshe wamukele izincomo ezimisiwe zombiko we-CAF okwakubandakanya izimo zezehlalomnotho ezibaluleke kakhulu zabadobi kanye

nokwethembela kwabo kwi-WCRL ukuze bakwazi ukuphila. I-CAF income ukuthi i-TAC yesikhathi sokudoba sowezi-2021/22 sinyuswe ngamathani angama-700, kubandakanywe indlela yokuphatha ngokubambisana, nokuthi kuqaliswe indlela yokunciphisa ukudoba ngokungekho emthethweni ukuze kugcinwe okudotshwayo futhi kuqinisekise ukuthi imiphakathi edobayo ikwazi ukuzuza kulolu hlelo. Izincomo zokuvuselelwa kwezinsiza zaba wukuncishiswa ngezikhathi ezithile (700/550/400), okuzohlolwa kabusha unyaka nonyaka. Okubonakalayo ukuthi i-TAC ye-WCRL izonqunywa minyaka yonke, futhi abadobi abadobela ukuziphilisa kanye nemiphakathi yabo badinga ukuhlanganyela nokuxoxisana ukuze bazilungiselele lokhu. Sinxusa ukuba yonke i-TAC ye-WCRL yabelwe umkhakha wabadobi abadobela ukuziphilisa, ukuze imiphakathi ikwazi ukuzuza.

Voices of the community

**Ingabe wanelisekile ngesabelo sakho samanje?
Ungathanda ukubona isabelo/ubhasikidi wohlobo
olungaludoba ushintshe kanjani?**



**Ntsindiso Nongcavu, Port St Johns,
eMpumalanga Kapa**

Asijabulile nhlobo ngobhasikidi wethu ngoba ubekelwe imikhawulo emikhulu kakhulu. Isabelo esinaso asikuvezi esasikudoba emandulo futhi asikwazi ukuphila ngakho. Yingakho kubaluleke

kangaka ukuba imiphakathi edobela ukuziphilisa ibandakanywe enqubweni yokuthatha izinqumo ngokwabiwa kohlobo lokudotshwayo. Akwanele ukuba sibandakanywe kodwa imibono yethu kumele ilalelwe ukuze sikwazi ukuqala ushintsho oluhle kubhasikidi wethu.



**Andre Cloete, Doringbaai,
eNtshonalanga Kapa**

Asanelisekile ngohlobo lwamanje oludotshwayo olukubhasikidi ngoba alukwazi ukusigcina thina badobi abadobela ukuziphilisa. Ukunqunywa okukhulu kweSabelo Esivumelekile Sisonke selokhu

kwaqala Ukungenelela Kwesikhashana, kuqinisekise ukuthi abadobi bahlala bemfoku. Izikhuphashi ezidotshwayo bezizincane kakhulu ngalesi sikhathi sokudoba futhi ziqale ukunyuka ekupheleni kwesikhathi sokudoba. Ngakho uMnyango kumele ubheke uguquguquko lwesimo sezulu uma kwabiwa uhlobo lwezilwane ezingadotshwa. Njengabadobi singakwazi ukubona uhlobo loshintsho kufuduko lwezilwane zasolwandle, ngakho i-DFFE kumele icabange ngokushintsha usuku lwesikhathi sonyaka sokudoba izikhuphashi. Njengamanje sinezinhlazi ezidotshwa ngentambo, izikhuphashi kanye nobheyithi kuphela kubhasikidi wethu. Singathanda ukuba konke okudotshwayo okukhona endaweni yethu kufakwe kubhasikidi wethu. Futhi singathanda ukubona okudotshwayo okuyinhlazi okuncane okuhlala ezingeni elimiphakathi nolwandle kubhasikidi wethu.



**Rovina Europa, Arniston,
eNtshonalanga Kapa**

Njengamanje abantu bakithi bayahlupheka njengoba isabelo samanje singazihlinzekeli izindleko zemizi yethu. Ingeniso yethu eningi iya kubakhangisi,

izimboni kanye nofuwela. Phambilini, sasicele ukuba ubhasikidi ubandakanye okudotshwayo okunhlobonhlobo okusendaweni yethu kodwa kubhekwe noguquguquko lwesimo sezulu, okudotshwayo okunenzuzo enkulu kufudukela kwezinye izindawo bese kugcine sekuseziNdaweni Ezivikelwe Zasolwandle futhi esingakwazi ukufinyelela kuzo. Ezikhathini eziningi, izindawo ziyashintshwa ngaphandle kokubonisana nemiphakathi okusho ukuthi abadobi balahlekelwa wokudotshwayo okubaninza inzuzo eningi. Sicela uhulumeni ukuba asabele ubhasikidi ogcwele okudotshwayo okunhlobonhlobo, ngakho sikwazi ukwenza ingeniso egcinekayo kanye nezimo zokuphila ezifanele.



Sabelo Mzileni, Nibela, KwaZulu-Natali

Abadobi bakulo lonke ugu bakhathazekile ngezabelo ezilokhu zincipha zinciphile. Lezi zabelo zilimaza abadobi abadobela ukuziphilisa futhi zinomthelela kwingeniso labo. Esasikudoba kwasemandulo akubi khona nhlobo ohlwini futhi lokhu kuyinkinga enkulu.

Kuqhutshekwa kusukela ekhasini 1

awanele. Singakwazi ukubamba izimbaza ezingama-50 kuphela, asikwazi nokutholela imindeni yethu ukudla. Sifanelwe wukuthola uhlobo lokudotshwayo esingakwazi ukwenza ingeniso ngakho nokuphila impilo ehloniphekile," kusho uSibongiseni Ndimiso, umdobi waseCwebe.

Ungqongqoshe kumele aqaphelisise lapho aba la malungelo. Ukwabiwa kwawo wonke amalungelo ngaphandle kokubeka eqhulwini ingxenye yomkhakha wabadobi abadobela ukuziphilisa kuzoqhubeka nokubeka engcupheni indlela yokuphila yabadobi. Ukushoda kwesabelo sikabhasikidi owanelisayo kubadobi abadobela ukuziphilisa kuzokwenza ukuqaliswa kwenqubomgomo kungasebenzi. Abadobi abadobela ukuziphilisa kumele babe yingxenye yokuthathwa kwezinqumo lapho kunqunywa ngobhasikidi wokudotshwayo okufanele.



**Sixoxisana
noDumazile Mkhonto**

Ngubani uDumazile Mkhonto?

Igama lami uDumazile Mkhonto, ngazalelwa futhi ngakhulela eVutshane eKosi Bay. Angishadile futhi anginazo

izingane. Imfundo yami yonke ngayithola eVutshane.

Kwakunjani ukukhula emphakathini wangakini?

Njengoba ngakhulela eVutshane kwakungelula ngoba ngashonelwa wubaba ngisemncane kakhulu. Ubaba wami kwakunguye owayesondla ekhaya futhi wayesiphilisa ngokudoba. Ngale ngeniso wakwazi ukungifundisa nokusondla. Ukushona kukababa kwaphoqa umama wami ukuba athathe indawo kababa. Wasifundisa indlela yokuqoqa izimbaza, siqoqe imihlanga futhi sagcina sesifunda nokudoba izinhlazi.

Yini oyithandayo nonentshisekelo kuyo ngaphandle kokudoba?

Ngithanda ukudlala ibhola nokugijima. Nginanengadi encane engitshala kuyo imifino enhlobonhlobo. Ukutshala imifino emisha kungenye yezinto ezingihambela phambili ekulimeni kwabantu abazama ukuziphilisa ngoba ngihlala ngiqinisekisa ukuthi kuba nokudla okunempilo nokungambi eqolo.

Sesingakanani isikhathi udoba, futhi ngeziphilisa izindawo odoba kuzo?

Ngingineminyaka eyi-11 lapho ngiqala ukudoba. Ngenkathi ngikhula sasingenawo amathoyizi ngakho ukudoba kwaba yindlela yethu ephuma phambili yokuzijabulisa ibe futhi isiphilisa. Ngaqala ukudoba kusizalo somfula esincane eKosi Bay


Sesingakanani isikhathi uyingxenye ye-Coastal Links?

Sengineminnyaka eyi-8 ngiyingxenye ye-Coastal Links. Ngikujabulele kakhulu ukuba yingxenye ye-Coastal Links ngoba kusisizile ukuze sazi amalungelo ethu futhi sizame ukuwavikela.

Ingabe umfelandawonye wenu uzifakele izicelo ze-FRAP futhi ingabe ziphumelele?

Abadobi abanalo ulwazi olwanele nge-FRAP. Sidinga ukuqeqeshwa kwamalungu ethu kanye nolwazi ngale nqubo. Mhlawumbe ngomuso singakwazi ukuyisebenzisa ukuze kube negalelo esabelweni sethu.

SCHOOL OF FISHERS



Illustrated by:
Caine Swanson

Impumelelo yocwaningo lwesimo somhlaba

Uhambe kahle Searcher ungasabuya!




Futhi, sikhombise ukuthi uma sibambisana sikhulume ngazwi linye singaphumelela kunoma yini.



Yebo, lokhu kuwukunqoba okubaluleke kakhulu kubadobi abadobela ukuziphilisa, kodwa kumele siqhubeke nokulwa. Zilokhu zanda izicelo zokuvukuza ezibeka engcupheni imisebenzi yendlela yokuziphilisa yemiphakathi edobayo.



Kunjalo. Ngonyaka odlule, iShell yayifuna ukwenza ucwaningo lwesimo sokungatholakala kumhlaba eWild Coast bese imiphakathi yasogwini eMpumalanga Kapa yalwisana nalokho. Inkantolo yabe seyinqanda iShell ekwenzeni noma wotuphi ucwaningo lwesimo sokungatholakala kumhlaba futhi manje sesenze okufanayo Ogwini Olusentshonalanga.



Ngiyazi ukuthi siphumelele ukumisa iSearcher Seismic, kodwa lesi sahlulelo sibavikela kanjani abadobi abadobela ukuziphilisa? Sithini?



Isahlulelo sabona ukuthi kunesidingo sokubonisana nemiphakathi edobayo yasendaweni ngaphambi kokuqala ukwenza noma wokuphi ukuthuthukisa okuzoba nomthelela ezinsizeni zabo zemvelo kanye nendlela yokuphila.



Ngakho, iSearcher beyingenayo imvume yokuqala ukuqhumisa iphansi lolwandle lwethu?





Cha, bebenayo futhi kwathi
uma imiphakathi ibona
ukuthi iSearcher ibiqhubeka
nemisebenzi kawoyela
negesi, yaqonda eNkantolo
Ephakeme yaseNtshonalanga
Kapa ukuze ibavimbe.




Ngijabula kakhulu
ngokuthi sikwaze
ukubavimba ekuqhubekeni
nokuqhumisa kwabo ngoba
lokho bekuzoba nomthelela
omubi kakhulu kubadobi
abadobela ukuziphilisa.



Yebo, ukuqhumisa
okwakuzokwenziwa
iSearcher ngabe
kwadala umonakalo
wengunaphakade
oGwini
oluseNtshonalanga.



Lokho kuyiqiniso.
Ukuqhumisa
kwakungaba nomthelela
ekutholakaleni kwe-Snoek
okwakuzoshiya abadobi
bengenayo ingeniso noma
indlela yokuziphilisa.



Ngakho, leli cala lalibaluleke
kakhulu emiphakathini yabadobi
abadobela ukuziphilisa.

Yebo, ngoba kwaveza ukuthi sonke
siyalingana phambi komthetho futhi
ukuhluleka kweSearcher ukubonisana
nemiphakathi kwakuwukuphulwa
kwamalungelo ayo.



Isimanga leso!"
Ngiziqqaja
kakhulu ngoba
wumdobi odobela
ukuziphilisa futhi
nginamalungelo
ami, indlela
yokuphila kanye
namasiko ahlonishwa
navikelwa
ngokomthetho
ezinkantolo
zaseNingizimu
Afrika."



Yebo, kodwa ngeshwa, impi yethu kayipheli lapha. Kunezinye izinkampani ezifaka izicelo
zokwenza ucwanningo lwesimo sokungatholakala kumhlaba ogwini lwethu."

Ngizwe ukuthi i-Tosaco Energy ifuna ukwenza ucwanningo lwesimo
sokungatholakala eNyakatho Kapa maqondana nowoyela negesi
kude nogu futhi i-Total Energies iphinde yafaka isicelo sokwenza
imisebenzi yezokuvukuza Ogwini oluseNtshonalanga Eseningizimu.

Kumele siqhubeke nokugada imisebenzi ye-Operation
Phakisa kanye noHlelo Olukhulu Lomnotho Wasolwandle
ngoba konke kubeka engcupheni izindlela zokuphila
zabadobi abadobela ukuziphilisa.



Ngenhla: Umhlangano nabesifazane abadayisi bezinhlanzi eMsiyane KwaZulu-Natal.

Abadobi bangaphakathi ezweni balwela amalungelo bebe besalinde ukuqaliswa kwenqubomgomo yangaphakathi ezweni

NGOMHLA KA-25 Febhuwari 2022 uMnyango Wezamazalathi, Ezokudoba Nezemvelo (i-DFFE) wabhala kugazethi iNqubomgomo Yemboni Yezokudoba Izilwane

Zasendle Emanzini Asemifuleni (Ngaphakathi Ezweni) Kuzwelonke okwagunyazwa yiKhabhinethi ngomhla ka-4 Agasti 2021.

Sethemba ukuthi inqubomgomo izokwazisa ngokusemthethweni imisebenzi yendlela yokuphila yemiphakathi edoba ngaphakathi ezweni futhi ivikele ilungelo layo njengabakhiqizi bokudla kanye negalelo labo ekutholakaleni kokudla kanye nokwakhiwa kwemisebenzi ezingeni lasendaweni. Abadobi abadobela ukuziphilisa bangaphakathi ezweni kade baba khona kusukela emlandweni besebenza ngaphandle komthetho, okwadala ukuba kuqhubeka ukuhlukunyezwa kwabo kanye nokubekwa amacala ngokwenza imisebenzi abaziphilisa ngayo.

Selokhu kwabhalwa le nqubomgomo kugazethi, imiphakathi edoba ngaphakathi ezweni yaseGariiep Dam, eVanderkloop Dam, naseJozini Dam beyilokhu izwakalisa izimvo zayo futhi ilwela amalungelo ayo ezingeni lasendaweni.

Ngomhla ka-25 Mashi, abadobi basendaweni basemiphakathini yaseNorvalponti, eGariiedam, eVenterstad kanye nase-Oviston babamba umbhikisho onokuthula ngaphandle kwamasango ase-Eastern Cape Parks and Tourism Agency (i-ECPTA) e-Oviston emuva kokunqatshelwa kaninginingi ukungena endaweni abadedoba kuyo kusukela emlandweni



Ngenhla: Abadobi bangaphakathi nezwe baseGariiep, Norvalspont, Venterstad nase-Oviston babhikisha ngaphandle kwamahovisi e-ECPTA befuna ukufinyelela ezindaweni zokudoba zendabuko.

e-Oviston Nature Reserve. Abadobi, oningi labo abasebenzi futhi abadobela ukuziphilisa, bangakwazi ukungena endaweni yokudoba eyodwa ngaphandle kwezindleko, futhi bakhokhiswa intengo engu-R25, nakuba bengenayo ingeniso. Abadobi sebexoxisana ne-ECPTA bezama ukufinyelela esivumelwaneni bebonke.

Ngomhla ka 7 Mashi iMasifundise usingathe umhlangano eJozini. Lo mhlango wagxila esimweni semboni yezokudoba yangaphakathi esifundeni futhi kwabhekwa nezinsalele ezivimba izindlela zokuphila zabadobi abadoba ngaphakathi ezweni. Lo mhlango wadala ithuba lokuba abadobi bangalwela amalungelo abo okudla kanye nokwaziswa kwendlela yokuphila yabo ezingeni lasendaweni ngokusebenzisa ababambiqhaza abanjengabaholi bendabuko kanye nabaphathi bomasipala basendaweni.

Umgomo walo mbhikisho kanye nomhlangano kwakungukusekela abadobi abadoba ngaphakathi ezweni kanye nemiphakathi yabo ukuqinisa izimvo zabo ngokubamba iqhaza ezinqubweni zokuthatha izinqumo kwabantu abahlukene, ikakhulukazi ezingeni likahulumeni, lasendaweni, esifundazweni nakuzwelonke. Lokhu kube yisinyathelo esibalulekile kubadobi abadoba ngaphakathi ezweni ukuze bathole izisombululo zokuthola ukufinyelela sibe sisalinde ukuqaliswa kwenqubomgomo yemboni yabadobi bangaphakathi ezweni.

Kubalulekile ukuthi inqubo yokuthuthukisa imithethonqubo yenqubomgomo kanye nohlelo lokuqaliswa kwayo kubandakanye izimvo zabadobi abadobela ukuziphilisa ukuze ikwazi ukuletha inzuzo kubo nasemiphakathini yabo.

Azi ngokuqhubekayo ohlelweni lweMasifundise lokuhambela imiphakathi.

EMUVA KWEMINYAKA embili kunobhubhane lwe-Covid-19, nezithiyo zayo eziyinqwaba kanye nokuba nasiqiniseko, ithimba leMasifundise lingacina selibuyele ngokugcwele emsebenzini wokuhambela imiphakathi kulo nyaka.

NgoFebhuwari, uMashi no-Ephreli ithimba laba nohlelo lokuqeqesha abasebenzi kanye ne-Participatory Action Research (i-PAR) emiphakathini yaseNtshonalanga Kapa e-Ebenhaezer, ePapendorp kanye naseDoringbaai, kanye nemiphakathi yaseNyakatho Kapa ePort Nolloth naseHondeklipbaai. Kulezi zinyanga ithimba liphinde lavakashela imiphakathi edobayo yangaphakathi ezweni yaseVanderkloof naseGariep iphindelela.

Ngomhla ka-17 Mashi, iMasifundise yahlangana nemiphakathi edobayo yase-Ebenhaezer, ePapendorp naseDoringbaai ukuyoxoxa ngesimo sasesifundeni.

Kule mihlangano, abadobi bazwakalisa izikhalo zabo ezibalulekile ngokuthuthukisa uHlelo Lokuphatha i-Olifants Estuary (i-OEMP). Uhlelo lwasungulwa ngonyaka wezi-2006 futhi kuze kube yimanje aluqaqedwa. Amalungu omphakathi akhathazekile ngomthelela omubi wemisebenzi yezokuvukuzwa ehlongozwayo, izinhlelo zokuzijabulisa kanye nemikhawulo yokufinyelela ezindaweni zokudoba endleleni abaziphilisa ngayo.

Ngenkathi kuvakashwe KwaZulu-Natali ngamaviki okuqala amathathu ngoMashi, ithimba lavakashela imiphakathi yasogwini yaseMazambane, eKosi Bay, eMtubatuba kanye nesemiphakathini edoba ngaphakathi ezweni yaseJozini. Ngalokhu kuvakasha kwakuhloswe ukuvuselela nokuqinisa ubudlelwano kanye nokuzibandakanya ekuthuthukiseni abasebenzi kanye nemisebenzi ye-PAR.

IMasifundise iphinde yavakashela umasipala wendawo emiphakathini ngamunye

futhi kwahlolwa ubunzima imifelandawonye yama-SSF ebhekana yabo. Emhlanganweni, izingxoxo zaphinda zagxila emathubeni okusekelwa ngomasipala bendawo ukuze kusimamiswe ukuthuthukiswa komnotho wasendaweni ngemboni yezabadobi abadobela ukuziphilisa.

Ngenyanga ka-Ephreli, eminye imisebenzi eyenziwe i-PAR emiphakathini yaseDwesa-Cweba eMpumalanga Kapa. Ngomhla ka-22 no-23 Ephreli, ithimba labamba umhlangano wokucobelelana ngolwazi ngokuhlanganyela ne-Legal Resource Centre ukuze kuthuthukiswe imiphakathi eyisikhombisa njengengxenywe yokufakwa kwesicelo sokubuyiselwa umhlaba, maqondana nomthelela wesiNqumo ecaleni likaGongqose lokwazisa amalungelo okudoba angokosiko emiphakathini waseHobeni.

Umhlangano wokucobelelana ngolwazi waba nayithuba lokusungula ubudlelwano bokusebenzisana ne-CPA yaseDwesa-Cweba futhi kwabhalwa phansi ezinye zezinkinga eziqondene nokuhlukunyezwa e-Dwesa Cweba Nature Reserve nokuxoxa ngeCala le-Shell lapho le miphakathi ingabamangali kulo.

Ezinyangeni ezilandelayo, iMasifundise izoqhubeka nokwenza imisebenzi yokuhambela imiphakathi esogwini kanye nengaphakathi ezweni, futhi kube kulungiselwa Inkundla Yabantu Abangabadobi kanye nesiGungu Sohlelo Lwesikhathi Eside Sikazwelonke.



Ngenhla: KaapstadUmhlangano nabadobi base-Olifants kanye no-Nico Waldeck wase-ABALOB I mayelana nesimo sabadobi abadobela ukuziphilisa e-Ebenhaezer.



Ngenhla: Umhlangano osingathwe yiMasifundise wabadobi wokucobelelana ngolwazi, eCresta Hotel eKapa.

Inkundla Yabantu Abangabadobi izoqinisa amazwi abadobi

NGOMHLA KA 12 Ephreli, iMasifundise isingathe umhlangano wokucobelelana ngolwazi obe yimpumelelo wokuhlela kanye nokuqhamuka namasu ukuze kungiselelwe iNkundla Yabantu Abangabadobi ezobanjwa ngowezi-2023.

Umhlangano wokucobelelana ngolwazi waqalisa inqubo yenkundla kanye nabantu abamele iCoastal Links abayi-10 kanye nemiphakathi edobayo yasendaweni, abanye ababamba iqhaza emhlanganweni ngabamele i-TCOE, i-Green Connection, i-Legal Resources Centre, i-SDCEA, i-PLAAS, i-One Ocean Hub, iHhovisi likaNobhala weNkundla Yabantu Elisebenza Ngokugcwele, i-NALEDI, i-TNI, i-Crocevia, i-Heinrich Boll Foundation kanye ne-Rosa Luxembourg Foundation.

“Inkundla ingase ihlahle indlela ebheke phambili yokusimamisa umzabalazo. Abadobi abadobela ukuziphilisa bazabalaze isikhathi eside kodwa akukuningi abaphumelele kukho ekutholeni izithelo ngomzabalazo wabo.”

Winnie Mbokazi, umholi weCoastal Links, eNkundusi KwaZulu-Natali.

Kwathathwa isinqumo sokuqhamuka namasu ahlukile kanye namaqhinga okubhekana nokuthuthukisa okunomthelela ezimpilweni zethu kanye nasendleleni yokuphila yemiphakathi yangaphakathi ezweni nasogwini. Phezu kwalokho, ukuqhamuka nemibono emisha kanye nemikhankaso eqondene nobulungiswa kwezenhlalakahle, ezomnotho kanye nezemvelo kubantu abasebenzayo emiphakathini esogwini neyake ngasemifuleni.

Inkundla Yabantu Abangabadobi izama ukubhala ngendlela egculisayo futhi idalule ukuzitapela olwandle kanye nokuphulwa kwamalungelo emiphakathi edobayo kanye nokuhlola ukuthi ingabe amalungelo abo kuyahlangatshezanwa na nawo kanye nokusebenza kwezinqubo ezihambisana nenqubomgomo.

Abahambele umhlangano baxoxelana ngamava abo ngokwenzeka ngaphambilini enkundleni, baphawula ngomumo kanye

nokwakheka kwenqubo, kwahlonzwa izihloko ezibalulekile emkhakheni wezimboni zabadobi abadobela ukuziphilisa futhi kwabhekwa amagebe akhona ukuze baqhamuke nendlela ebheke phambili.

“Umsebenzi kumele wenziwe ezingeni eliyisisekelo. Abanye ababoni nokubona ukuthi sivela kuphi. Abasebenzi bahlumeni abasazisi thina njengabantu. Basibona singabantukazana okumele basuswe. Abantu abayazi le mihlangano kahulumeni okumele kwenziwe kuyo izinhlelo ezisibandakanyayo” Zingisa Ludede, Umholi weCoastal Links, eMpumalanga Kapa.

Inkundla Yabantu Abangabadobi angeke ibe wumhlangano owenziwa kanye kuphela, kodwa yinqubo encike endleleni yokuphila yemiphakathi edobayo, indlela yokuphila kanye namasiko ebeka phambili omunye umbono wokusetshenziswa ngobulungiswa kwezinsiza zasolwandle maqondana nezemvelo kanye nezenhlalakahle, okususelwa enqubweni yokuziphilisa ngokukhiqiza ukudla kanye nobulungiswa maqondana nesimo sezulu sesikhathi eside.